

## UXOLO NENKULULEKO

I-*PSI* imele uxolo, inkululeko nelungelo lokuzikhethela kanye nokulwela ubulungiswa emhlabeni wonke. Lokhu kufaka nokuthi siveze obala futhi sinciphise ukungalingani okukhona kwezomnotho nezenhlalakahle phakathi kwabahlala emadolobheni nabahlala emazweni asakhulayo kanye nokuxhaphazwa ngamanye amazwe, izinhlangano zezimali nezinkampani ezixhaphaza abantu emhlabeni.

## UKULINGANA, UBULUNGISWA NGOKWEHLUKAHLUKANA

- I-*PSI* iphakamisa ukulingana, ubulungiswa kanye nokuzikhethela ekuphikisaneni nazo zonke izinhlobo zobandlululo ngokobuhlanga.
- I-*PSI* inenjongo yokuhlanganisa imigomo kanye nenqubo zokulingana kwabantu nobulungiswa kuzo zonke izinto esizenzayo.
- I-*PSI* inenjongo yokukhulisa ukuhlanganyela kwabantu emzabalazweni esikuwona.
- I-*PSI* iyazinikela ekufinyeleleni kumaphesenti angaphezulu kwamashumi ayisihlanu wokumela omama ezakhiweni zethu futhi sibheke ukuthi izinyunyana zilwela ukuthola lokho okufanayo.






I-*Public Services International* umfelandawonye wezinyunyana emhlabeni wonke emele amalunga angaphezu kwezigidi ezingamashumi amabili ahlanganise abesifazane nabesilisa abasebenza ngemisebenzi kahulumeni emazweni angaphezu kwekhulu namashumi amahlanu. Amalunga ethu asebenza kwezenhlalakahle, kwezokubhekela ezempilo, kumasipala, kuhulumeni omkhulu kanye nezinkampani ezizimele zamanzi kanye nezikagesi. Abesifazane yibona abangamalunga amaningi (angokubili kokuthathu – two thirds) kulenhlangano yethu.

I-*PSI* ingoshampeni bokulwela amalungelo abantu, ukuphakamisa uxolo kubantu kanye nokuthi abantu bakwazi ukuthola izidingo zabo kuhulumeni. I-*PSI* isebenza nenhlangano yezizwe ngokuhlanganyela nezinyunyana, izinhlangano zomphakathi kanye nezinye izinhlangano zomphakathi.

*Public Services International*

45, avenue Voltaire, BP 9
01211 Ferney-Voltaire Cedex
FRANCE

Tel : +33 450 40 64 64
Fax : +33 450 40 73 20
Email : psi@world-psi.org
Web : www.world-psi.org

# SISEBENZELA IZIMFUNO ZABANTU




Umfanekiso : Mac Urata

PSI
Public Services International
Internationale des Services Publics
Internacional de Servicios Públicos
Internationale der Öffentlichen Dienste
Internationell Facklig Organisation för Offentliga Tjänster
国際公務労連



Umfanekiso : Mac Urata

# UKULINGANA, ISITHUNZI, UBULUNGISWA

Imisebenzi kahulumeni esezingeni eligculisayo ibalulekile emphakathini lapho sonke siphathwa khona ngesithunzi nangenhlonipho.

Wonke umuntu kumele akwazi ukuthola usizo lwezempilo olusezingeni eligculisayo, athole amathuba emfundo engcono, kube nokulingana ngaphambi komthetho, akwazi ukuphila endaweni engcono sonke isikhathi.

Uma osomabhizinisi abakhulu befaka ingcindezi kohulumeni ukuthi bathambise imithetho futhi badayise imisebenzi kahulumeni kosomabhizinisi abazimele, inhloso yabo kusuke kuwukuthi bazitholele inzuzo ngasese. Abantu abangenalutho bayahlukumezeka ukukhokhela izidingo zokuziphilisa, bebe behlala ezindaweni ezisemazingeni aphansi lapho abaphethe kungenamuntu abambikelayo ngabakwenzayo ngezimali zentela ekhokhwa yiwowonke umnuntu.

Yingakho i-*Public Services International* ilwela imisebenzi kahulumeni esezingeni eliphezulu kuwo wonke umhlaba. Sikholelwa ukuthi imisebenzi kahulumeni yiyona esiza kakhulu ukuxhasa imindeni, ukwakha umphakathi onempilo, nokwakha intando yeningi eqinile lapho sonke silingana khona. Yiba yingxenye yethu kulomkhankaso.

## AMANDLA ABANTU ABANINGI

I-*Public Services International* yasungulwa eminyakeni engaphezu kweyikhulu ngo-1907.

Namhlanje i-*PSI* iletha ulwazi nemibono kumalunga ayo ayizigidi ezingamashumi amabili asebenza ngokuhlanganyela ukuhambisa izidingo ezithinta thina kanye nesakhelene nabo emphakathini.

Inhloko-hhovisi yethu ise-France ngasemngceleni we-French-Swiss maduzane nase-Geneva. Sinezakhiwo zezifundazwe ezise Barbados, Belgium, Brazil, Chile, Colombia, Costa Rica, Czech Republic, Ecuador, India, Japan, Lebanon, New Zealand, Romania, Russia, Singapore, South Africa, Togo, Ukraine kanye nase USA.

Siyaziqhenya ngokuthatha izinqumo ngentando yeningi. Izinyunyana ze- *PSI* zihlangana kwikhomfa yomhlaba wonke njalo emuva kweminyaka emihlanu zizokhetha abaholi, zivumelane ngezinto okufanele zenziwe okunguwona mgogodla womsebenzi we-*PSI* (ukwenza izinto eziphathekayo). Kuwowonke amakomiti athatha izingumo kunokulingana ngobulili.

I-*PSI* isebenza ngezilimi eziyisithupha – okuyi-English, French, German, Japanese, Spanish, Swedish kanti futhi ulwazi ilusabalalisa ngezinye izilimi eziningi ezingabalwanga lapha ngenhla.

## UKWAKHA IZINYUNYANA EZINAMANDLA EZIPHATHWA NGOKWENTANDO YENINGI

I-*PSI* ixhasa izinyunyana ezingamalunga ayo ukwakha izinyunyana zabo ibaqeqeshe ukuze babe namakhono adingwa yizwe labo kanye nalawo adingeka uma besebenzisana nabanye emhlabeni wonke.

Sisebenza ngokubambisana nezinyunyana ezingamalunga ethu ukulwela amalungelo ezinyunyana, ukulwela amaholo angcono ngokukhululeka, ukuvikela amalungelo abasebenzi, ukulwela ukulingana ngobulili, kanye nokulingana nesithunzi sawowonke umuntu.

I-*PSI* ikhulisa amandla ezinyunyana ukwenza lokhu okulandelayo:

- Ukugqugquzela nokuhlanganisa abasebenzi.
- Ukulwela amalungelo aphelele ezinyunyana zabasebenzi bakahulumeni kanye nemisebenzi kahulumeni wonke.
- Ukwenza ukuthi kube noshintsho kuhulumeni olusiza abantu.
- Ukwenza izinyunyana zikwazi ukuzimela nokuzenzela imihlahlandlela nezinto ezibalulekile ukuze zibe namalungu amaningi ezakhiweni zazo eziphethwe ngentando yeningi.

## AMAZWI ETHU BAWEZWA EMHLABENI WONKE

I-*Public Services International* isebenza namalunga ayo kanye nedlelana nabo ukulwela ubulungiswa kwezenhlalakahle, ezomnotho, ukusebenza komthetho kanye nokwazi ukuthola izidingo eziphuma kuhulumeni ezitholwa emazweni onke.

## OKUFUNWA ABANTU ESIKWENZAYO

I-*Public Services International* ikhankasela lokhu:

- Ubulungiswa lapho sihlala khona;
- Ukwehlisa izinga lokuhlupheka nokukhipha abantu ezikweletini;
- Ukukhululeka kwezingxoxo zokukhuphula amaholo;
- Ukulingana kobulili nakwezokuqashwa;
- Izinyunyana eziqinile neziyimbumba;
- Ukuthi abantu bathole umsebenzi kuhulumeni hhayi kulezinkampani ezizimele zogombela kwesakhe nezixhaphaza abasebenzi.
- Izinsizabantu ezivela kuhulumeni zawo wonke umuntu.

## UMFELANDAWONYE

I-*PSI* iyaziqhenya ngokusebenza nezinyunyana umhlaba wonke ukwenza imisebenzi kahulumeni esezingeni eliphezulu manje! Umkhankaso wokuthi intela isetshenziselwe ukukhokhela imisebenzi kahulumeni ayenzela umphakathi. Uma ufuna ukwazi kabanzi ngalokhu ungathintana nalelikheli **www.QPSActionNow.org**.

## IZINYUNYANA NAMALUNGELO ABANTU

I-*PSI* ilwela ukuhlonishwa kwezinyunyana kanye namalungelo abantu enkululeko, inqubo yentando yeningi nobulungiswa umhlaba wonke.